

**NguMongameli  
uThomas S. Monson**



# Izethembiso Ezinhle zeNcwadi kaMomoni

**E**minyakeni eminingi eyadlulayo ngema eduzane komhlaba kababa osemncane njengoba engakwazi ukukhetha phakathi kwempilo kanye nokufa. Unkosikazi wakhe owayecasukile kanye nabantwana ababili bema eduzane. Wathatha isandla sami kuyena futhi ngokubheka kokucela wathi, Bhishobhu, ngiyazi ukuthi sengizokufa. Ngitshele ukuthi kwenzekani emoyeni wami uma ngifa.”

Nganikela ngomthandazo othulile ukuba ngithole ukuholwa ngokwasezulwini futhi ngabhekisisa eduzane kwetafula lombhede wakhe iphepha lezinto ezintathu ezihlangeneyo. Ngathatha incwadi ngasengithumela ngokuhambisa ngokomoya amakhasi. Masishane ngathola ukuthi, anginalutho engalwenza ngasohlangothini lwami, ngema kwisahluko sikaAlma 40 encwadini kaMomoni. Ngafunda lamagama kuye:

“Bheka, kuye kwabonakaliswa kimi ngengilosi ukuthi imimoya yabantu bonke, masishane uma sebehambile kulomzimba ofayo, . . . bamukiswa ekhaya kuloNkulunkulu owabanika impilo.

“Futhi. . .imimoya yalabo abalungileyo iyamukelwa esimeni senjabulo, esibizwa ngokuthiwa yipharadesi, isimo sokuphumula, isimo sokuthula, lapho bazophumula kuzozonke izinkinga nakhokonke ukunakekelwa kahle nasosizini” (uAlma 40:11–12).

Ngenkathi ngiqhubeka nokufunda Ngokuvuka kwabafileyo ukukhanya kweza ebusweni bomfana osemncane futhi ukumoyizela kwaletsa izindebe zakhe zabanomusa. Ngenkathi ngiphetha uhambo lwami, ngavalelisa ngokuthi sala kahle kulomndeni omuhle.

Emva kwalokho ngabona unkosikazi kanye nabantwana emncwabeni. Ngacabanga emva kwalobo busuku ngenkathi umfana osemncane ecela iqiniso futhi encwadini kaMomoni, ngezwa impendulo kumbuzo wakhe.

Encwadini kaMomoni kwavela izithembiso ezinye ezinhle, phakathi kwazo kukhona izithembiso zokuthula, inkululeko kanye nezibusiso uma kuphela “sizo-sebenzela uNkulunkulu womhlaba, onguJesu Krestu” (Ether 2:12).

Kusukela emakhasini kuza isithembiso “sokujabula okungeke kuphele” kulabo abagcina imiyalelo kaNkulunkulu. Ngokuba bheka, babusisiwe kuzozonke izinto zombili eziphathelele okwesikhashana kanye nomoya” (uMozaya 2:41).

Kusukela emakhasini ayo kufika isithembiso sokujabula okungaqondakaliyo kulabo abangamathulusi ezandleni zikaNkulunkulu ekusizeni amadodana Akhe kanye namadodakazi (uAlma 28:8; 29:9).

Kusukela emakhasini abo isithembiso sokuthi amaIsrayeli ayehlakazekile azobuyiswa—umsebenzi

lowo esizinikezele kuwo ngemizamo emikhulu emhlabeni wonke wabafundisi bezenkolo (bona 3 uNefayi 16; 21–22).

Kusukela emakhasini kufika isethembiso sokuthi njengoba sithandaza kuBaba egameni elingcwele likaJesu Krestu, imindeni yethu izakubusiswa (bona 3 uNifayi 18:21).

Kusukela ekufundeni kwamakhasi ayo kufika ukugcwaliseka kwesithembiso sokuprofetha ukuthi “kuzobakhona ezimpilweni zenu futhi nasemakhaya enu ongeziwe wokukala ngokomoya weNkosi isinqumo esikhulisiwe ukuba uhambe ngokulalela emiyalelweni yakhe kanye nobufakazi obuqinileyo beNdodana ephilayo kaNkulunkulu.<sup>1</sup>

Futhi ukusukela emakhasini encwadi kaMomoni kuza izethembiso zikaMoroni zokuthi ngokuthandaza, ngenhloso yangeqiniso, kanye nokholo kuKrestu, singalazi iqiniso lalezizithembiso “ngamandla oMoya Oyingcwele” (bona uMoroni 10:4–5).

Kanye nabaprofethi abanye bezinsuku zokugcina ngifakaza ngokweqiniso lokhu “okuyona ncwadi eqondile kunayiphi incwadi emhlabeni,”<sup>2</sup> nayo incwadi

kaMamoni, enye yethestamente likaJesu Krestu. Umlayezo wayo ungafinyelela emhlabeni ulethe abayifundayo olwazini lweqiniso. Kungukufakazi bami ukuthi incwadi kaMomoni iguqula izimpilo. Ingathi omunye nomunye wethu angayifunda. Futhi ngokujabula make sabelane ngobufakazi bethu ngezithembiso ezinhle ngabantwana bonke bakaNkulunkulu.

#### **AMANOTHI**

1. uGordon B. Hinckley, “Ubufakazi obuyiqiniso futhi obunomfutho,” *iLiahona*, Aug. 2005, 6.

2. *Izimfundiso zaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 64.

---

#### **UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO**

Ezincwadini ezingcwele “sithola imithetho yeqiniso ezoxazulula yonke inkinga kanye nasonke isehlakalo esibi esingahle sibhekane nomndeni wobuntu” (*Ukufundisa, Akulona Ubizo Olukhulu* [1999], 51). Njeboba wabelana nomlayezo kaMongameli uMonson kanye nomndeni, bameme ukuba balalele “izethembiso ezinhle” yena azibonisayo Encwadini kaMomoni. Ungahle wabelane nesithembiso encwadini kaMomoni leso esizwakalayo kuwe.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

# Uma Singangabazi

*Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngayo nalabo dade obavakashela. Sebenzisa lemibuzo ukusiza ukuqinisa odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile empilweni yakho.*

**E**ncwadini kaMomoni sifunda ngesibonelo sabantu besilisa abasebasha abanesibindi ngokweqile, isibindi futhi baqinile. “Yebo, kwakunabesilisa beqiniso futhi bephilile, ngokuba bafundiswe ukuba bagcine imiyalelo kaNkulunkulu futhi bahambe ngokuqonda phambi kwakhe.” (uAlma 53:21). Laba balisa abathembekile abesebasha babonisa inhlonipho kubo mama babo—kwi-zibonelo zabo kanye nothishela.

Omame bamasotsha kaHeleman babephila ngesikathi hhayi ezingafani nezethu. Izikhathi zabo zazinzima futhi ziyingozi, futhi abasha bebebizwa bayovikela inkululeko ngokomzimba nangokomoya. Namuhla sihlala ezweni lapho singabhuqabhuqa nokuphambene nokwenyama negazi, kepha ngokuphambene namandla okuphambene nababusi bobumnyama balomhlaba, okuphambene nenkohlakalo kamoya ezindaweni eziphezulu.” (AbeseEfes 6:12).

Izikhathi zesivivinyo zidinga abazali abaqinileyo futhi abayizibonelo abafundisa iqiniso ekade laziwa ngamasotsha kaHeleman ng. “Uma bengazange bengabazi, uNkulunkulu ubezokuba vikela bona” (Alma 56:47). Ukufundisa nokuba yisibonelo seqiniso namuhla kudinga ubuhlakani. Noma-ke kunjalo akumele sesabe. Uma sesazi ukuthi singobani nokuthi uNkulunkulu ngubani nokuthi senze izethembiso Naye, si—fana nalabo mame

abangamasotsha— sizoba nomthelela omkhulu njalo.

Ngokufanelekileyo, omunye nomunye wamasotsha angu 2,060 kaHeleman wayenogqozi luka mama. Kepha labo mame abazange benze bodwa. Kanye nabanye besilisa nabesifazane abalungileyo, labo mame bangahle bahlanganise ukhoho kanye nesibonelo ukufundisa amandla ezithembiso. Abantu abasebancane banamuhla babeqondile isithembiso abazali babo abasenza sokungazifaki empini. Futhi noma kwakubukeka sengathi angeke kwenzekwe, uBaba waseZulwini othandekayo uvule indlela kulabazali ukuba bagcine isithembiso—futhi balondoloze inkululeko yabo (bona uAlma 56:5–9). Thina ngokunjalo kumele sihloniphe izethembiso zethu ukuze abantwana kanye nentsha—abantwana bethu kanye nalabo abakumawodi ethu, amagatsha, omakhelwane, kanye nomphakathi—bazakuqonda futhi basekele ukugcina isithembiso.

Uma sihlonipha izethembiso zethu, uBaba waseZulwini angasilungiselela indlela yethu. Kumele siphile izethembiso zethu ngokupheleleyo. Singakwazi, ngesibonelo, siqonde ngqo ngokuthandaza ngokufunda umbhalo ongcwele, ngokuphatha imvume yokungena ethempelini, ngokugqoka ngokuhloniphekile, ngokuhlonipha usuku lweSabatha. Ngokwenza njalo, abantwana bethu bazokwazi futhi bakwazi ukusho

bathi, “Asingabazi abomama bethu siyabazi” (uAlma 56:48).

Abangcwele Abesifazane Bezinsuku Zokugcina ababonayo ukuthi amandla abo avele ekuhlunjulweni kweNkosi abapheli themba ngezikhathi ezinzima futhi ezidumazayo. Njengaba gcini besithembiso, sidlulele ekugcineni nasekuvikeleni abantwana kanye nabasha ukuze ngolunye usuku singasho ngalesizukulwane esikhulayo, “Angizange ngibone isibindi esikhulu kangaka, hhayi angikaze kubobonke abakhona” (uAlma 56:45).

*uJulie B. Beck, uMongameli Jikelele Wabesimame Benhlango Yenkululeko.*

## **Kuvela Embhalweni Ongcwele**

uAlma 53; 56–58

### ***Ngingenzenjani?***

- 1.** Ngingabasiza kanjani odade bami ukuba babone futhi benze ngamandla abanawo wokuba nogqozi kwisizukulwane esikhulayo.
- 2.** Ngingathola ukukhuthazeka okunjani encwadini kaMomoni ukuphendula izivivinyo engibhekene nazo namuhla?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).